# OKUQUKETHWE

| | |
|---|---|
| AMAZWI KASODOLOBHA | 1 |
| ITHUTHUKA NGAMANDLA INDAWO YASENQUTHU | 2 |
| KUHLATSHWE ISOYI LOKUQHUBA UMGWAQO WASEDOLOBHENI | 3 |
| UMPHAKATHI WASEKUPHILENI UHLOMULE NGOGESI | 4 |
| KUDLULISELWE IZINQALA ZIZINDA EMPHAKATHINI | 5 |
| KUBUNGAZWE IMIZUZU ENGU 67 KAMANDELA | 7 |
| BABAMBE ISITHANGAMI SOKUBONISANA ABANTU ABASHA | 9 |
| BAHLOMULE NGOMFANISWANO WESIKOLE | 10 |
| BAHLOMULE NGEZINCWADI ZOKUSHAYELA | 12 |
| BAKHUTHAZWE NGOKUBALULEKA KWEMFUNDO | 13 |
| BATHOLE UQEQESHO OSOMABHEZINISI ABANCANE | 14 |
| KUXHASWE IZINKULISA | 15 |
| KUBUNGAZWE USUKU LWABESIFAZANE | 16 |
| INANI LABANTU ABASHODA NGAMA KHELI ABO KUMAWADI AHLUKA HLUKENE ASENQUTHU KWA IEC | 18 |
| KUBUNGAZWE ABESIFAZANE NGENGOMA | 20 |
| PROVINCIAL GOLDEN GAMES | 21 |
| BEKUKUHLE KUDELILE KOLOMHLANGA | 22 |
| UMZINYATHI EXCELLENT AWARDS | 24 |
| SALGA DISTRICT SELECTIONS GAMES | 26 |
| DUNDEE JULY | 28 |
| IXOXWA NGEZITHOMBE EYAMA INDIGINOUS GAMES | 29 |

# EDITORIAL TEAM

## CHIEF EDITOR

Mr BP Gumbi– Municipal Manager
Email—bongig@nquthu.gov.za

EDITORS
Mr TC Nyandeni
Manager: Office of the Municipal Manager
thokozanin@nquthu.gov.za

Mr SW Mpanza
Chief Financial Officers
sakhilem@nquthu.gov.za

Mr MB Jiyane
Director of Planning
mpumej@nquthu.gov.za

Mr OS Mnguni
Director: Corporate Services
mngunis@nquthu.gov.za

Mr L Hlongwane
Director: Technical Services
directortech@nquthu.gov.za

Writer
Siyabonga Shoba
Communication Officer
You can send your comment to: 034 271 6100 0r
Email to:siyabongas@nquthu.gov.za

# AMAZWI KASODOLOBHA WASE NQUTHU

**Mhleli, angithokoze ukuphinde ngicoshe ithuba kulolushicilelo lwakho lwalesisigamu sonyaka.**

Angiqale ngokukhuleka eMakhosini aseNdlunkulu akhele indawo yase Nquthu, aMakhansela, aBasebenzi bomkhandlu kanye nakuzo zonke iZakhamizi zase Nquthu. Angithokoze ukuthi ukuhlela lomsebenzi wokushicilela lelibhuku usaqhubeka awukathikamezeki, yize kusenokusilela ngesikhathi nengethemba ukuthi, emsebenzini olandelayo isikhathi sesobambeka.

Angithokoze kuMphathi kaMaspala uMnuz. BP Gumbi ngokuqinisekisa ukuthi uhlahlo mali lonyaka 2018/2019 luyalungiswa luyeza ngaphambi koMkhandlu ulwamukele. Uhlahlo mali obelungahambi lodwa obeluphelezelwa usomqulu wentuthuko edidiyele, nokuyilapho sidwebe khona amasu akuthuthukisa indawo yase Nquthu. UMkhandlu wase Nquthu ngokwamukela lezinhlelo nje kukodwa kusuke kusho ukuba sesimweni esikahle sokulungela ukusebenza futhi kusuke kusho ukuthi uMkhandlu uphatheke ngobuqotho.

Njengoba ngibhala lapha ngifisa ukugxila emaphuzwini amahlanu, esibhekwa ngawo nxa ezinye izinhlaka zikaHulumeni zibheka ukusebenza kwethu. UMnyango wezokubusa ngokubambisana uhlezi iso lawo ulibekile ukuthi lezinsika ukusebenza kwethu kuyahambisana yini nazo.

Insika yokuqala ilena yokuphatha uMkhandlu ngobuqotho (good governance), SinguMkhandlu senza kahle kakhulu kulesisigaba ngoba imihlangano yamakomidi ezigceme (ward committees) ayahlala nyanga zonke kuzozonke izigceme, imibiko iyalethwa njalo ehhovisi likaSomlomo, imihlangano yoMkhandlu iyahlala njalo njengoba ihleliwe, imihlangano yesigingu esiphezulu kanye neyamakomidi ihlala nyanga zonke ngaphandle kokuphazamiseka, indlela esixhumana ngayo nomphakathi iyancomeka futhi isezingeni elikahle. Kulensika siwaqoqa onke amaphuzu asuke ebekiwe.

Insika yesibili okumele siyibheke ilena yokuphathwa kwezimali ngendlela (sound financial management). Insika lena uMkhandlu owenza kahle kakhulu kuyo yize kunezinqinamba zokuthi abantu abasikweletayo abakhokhi. Izimali zomkhandlu ziphethwe ngendlela esezingeni eliphezulu, ngoba lezo ezitshaliwe zitshalwe ezikhungweni ezethembakele futhi sihlezi sithola umbiko ngokulondeka kwazo. Sizokhumbula phela ukuthi abanye oMaspala basematheni kulezinsuku ngokutshala izimali ebhange elaziwa nge VBS. Ngingaqinisekisa izakhamizi ukuthi azikho izimali zoMkhandlu ezitshalwe kulelibhange eligcine ngokuluthwa, okubi kakhulu ukuthi kunezikhulu zikaHulumeni ezisolwa, nezilandelwa iphunga lenkohlakalo lokudla nokuzitapela izimali kulelibhange.

Uma singaqinisekisa ukuthi izikweletu ziyakhokhwa, ugesi awuntshontshwa nokungezinye zezizathu ezisenza sibuyele emuva, ngoba ayikho inzuzo uMkhandlu oyingenisayo ngogesi, okungenani siyalahlekelwa, yingakho ngenxusa ukuba sikhokhele izinsiza zikaMaspala, siqikelele futhi ukuthi izinsiza zethu ziphatheka ngendlela. Ngingaqinisekisa futhi labo esisuke sibakweleta bakhokhelwa ngendlela, uma umuntu eselethe amaphepha afunekayo ukuze kukhokhwe azipheli izinsuku ezingamashumi amathathu singakhokhile, njengokulandisa kwenqubo-mgomo yomkhandlu.

Insika yesithathu engifisa siyibheke, yileyo yezidingo zomphakathi (basic service delivery). Nalapha futhi senza kahle kakhulu njengoba ubona edolobheni kuchitheka uphoko sifaka itiyela nxa zonke, eMafihleng sakha inkundla yezemidlalo, sakha nehholo lomphakathi, eHlathidam sakha inkundla yezemidlalo, eziQhazeni sakha ihholo lomphakathi, eMpumelelweni sifaka ugesi, ePatsoana sakha umtapo wolwazi. eMpumelelweni kumele ngabe isiqalile inkulisa ezodla isigidi samarandi kanjalo neyase ward 08 kodwa siyaqonda ukuthi kusenezinqinamba ezikhona kodwa ziyalunga. Kwa ward 10 kade ngiyovula indawo yokuwela izimoto, ihholo lomphakathi, kanjalo nase ward 08. Ukwakhiwa komgwaqo kwa ward 01 no ward 03 kuphelile.

Inkundla yezimidlalo eNquthu izolungiswa ibe sesimweni, isikhungo sokuthatha amalayisense okushayela nokusebenzela abezimo ezithumayo nazo zizokwakhiwa sebeqashiwe osonkontileka bazoqala ukusebenza maduzane. UMkhandlu uthengele abantwana abacela ku 170 umfaniswano wesikole, sixhase izinhlangano zomphakthi ngezinsiza ukuze zelekelele ukuxosha ikati eziko. Umphakathi ngiyawukhuthaza ukuba ubambe iqhaza kulezinhlelo zomphakathi ezifaka zonke izigaba zomphakathi. Ukuthuthukiswa komnotho, ukwakhiwa kwezindlu nokulungisa imigwaqo engenela emakhaya nakho kuyaqhubeka. Siyazi ezindaweni ezifana noLuvisi nakwezinye kuyakhaleka kodwa ngingaqinisekisa ukuthi lukhona uhlelo esilubeke eceleni oluzolekelela ekutheni isimo sibe ncono asinikhohliwe kodwa silinyazwa imishini yethu emincane kanti indawo yase Nquthu ivulekile. Uma singabekezela nje kancane isimo sizoba ncono. Siphinde sazibandakanya ekuthuthukiseni abantu base Nquthu ngezemidlalo nokusenza sinyathele ngokuzethemba ukuthi alukho uhlangothi esingaluthintanga ngenkathi sisebenza izinhlelo zentuthuko

Insika yesine engifisa ukukhuluma ngayo ilena yokwakha nokuthuthukisa ukusebenza emkhandlwini, nakhona la senza kahle kakhulu sinabasenzi abasezingeni, abawenzayo umsebenzi, kubalulekile ukuthi sikubalule ukuthi uMkhandlu wethu usendaweni yase makhaya kuba nzima ukudweba abantu abanamakhono kodwa laba esinabo siyakwazi ukusebenza ngabo.

Insika yokugcina yesihlanu yona ethinta ukuxhumana nomphakathi (public participation). Umphakathi wakithi siwubeka phambili kukho konke esikwenzayo nenginethemba lokuthi alukho uhlelo oluya emphakathini kodwa kutholakale ukuthi umphakathi awulwazi.

Masiqhubekeni nokubambisana sakheni indawo yase Nquthu ngoba iyikhaya lethu sonke. Ngifisa ukukhuthaza izakhamizi ukuba zibhalisele ukuvota njengoba inhlangano yokhetho ezimele izilungiselela ukubamba ukhetho lukazwelonke nezifundazwe ngonyaka ozayo. Abantu mabaphume ngandlela zonke ukuqinisekisa ukuthi amagama abo ayavela ohlwini lwabavoti futhi amakheli yiwona ngempela lapho behlala khona, angikubalule ukuthi sikhathazeke kakhulu ngendlela umkhandlu wesifunda uMzinyathi ophakela ngayo amanzi endaweni yase Nquthu. Sinezinxoxo nawo ukugcina isimo sincono. Ngicela niqhubeke nokusethemba njengoba sibambje kanzima ekutheni sithuthuke sonke.

Ngiyathokoza

# ITHUTHUKA NGAMANDLA

# INDAWO YASENQUTHU



*USodolobha uKhansela SM Kunene , uSekela Sodolobha uKhansela NM Zungu , ikhensela lewadi uKhansela JN Khoza, osonkontileka kanye namalunga omphakathi ngesikhathi kuhlatshwa isoyi le Sportfield e ward 12, e Hlathi dam*

**Kubukeka senyuka isivinini sokuthuthukiswa kwendawo yaseNquthu kanye nabantu abayakhele. Lokhu kubonakale kwa Ward 12, eHlathi Dam mhlazingu 25 September 2018.**

Umphakathi waseHlathi Dam ububonakala ugcwele injabulo emvakokuba uSodolobha uKhansela SM Kunene, usekela Sodolobha uKhansela NM Zungu kanye nekhansela le wadi uKhansela JN Khoza behlabe isoyi lokwakhiwa kwenkundla yezemidlalo (Springlake Sport Field).

Lenkundla yezemidlalo izodla imali engu R 3 996 676 Million. Umphakathi uphume ngobuningi uzozibonela wona mathupha umkhandlu uzohlaba isoyi lalenkundla yezemidlalo ezoba sezingeni eliphezulu. kuyimanje nje inkontileka iqalile ukwakha lenkundla.

Elinye ilunga lomphakathi libonga kuMkhandlu libeke kanje "siyabonga kakhulu lokhu enisenzele khona namhlanje. Besizwa ukhansela ehlale esithembisa ukuthi iyeza inkundla yezemidlalo esezingeni ezosiza izingane zethu kodwa namuhla nakhu siyazibonela ukuthi impela isifikile.

Uphethe ngokuthi "Izingane zethu sezizodlala endaweni enhle evikelekile , ubonge kakhulu wathi lokhu kuwusizo olukhulu ngoba kuqoqa itsha ukuthi ingabi uvanzi ize ingene nasezidfakamizweni."

USekela Sodolobha uKhansela NM Zungu ubongele umphakathi wase Hlathi Dam ngokuthi uhlomule ngenkundla esezingeni eliphezulu, "njengo sihlalo wekomidi lakwa Technical okuyilona lenza lemisebenzi siyajabula futhi siyayibona imisebenzi esiyenzayo iqhubeka ezindaweni ezahlukene zalapha enquthu. Futhi siyathembisa ukuthi sisazoqhubeka sisebenzele umphakathi wakithi eNquthu ngokuzimisela nangokuzikhandla"kusho uSekela Sodolobha

"Njengoba nasithemba nje ngokuthi nisibeke lapha sikhona namuhla namanje siyathembisa ukuthi siyokwenza njengezethembiso zethu zokuthuthukisa indawo yakithi eNquthu"kuqhuba uSekela Sodolobha. Uphinde wabonga no Sodolobha njengosihlalo wakwa Finance wathi noma bona bengafisa ukuthi izinto zenzeke kodwa angeke bakwazi ukuzenza ngaphandle kwakhe ngoba zidinga imali okunguyena uSodolobha ongusihlalo wakhona "kuphetha uSekela Sodolobha ukhansela NM Zungu

USodolobha ukhansela SM Kunene enkulumweni yakhe uqale wabongela izakhamuzi zakwa ward 12 ngokuthi zizohlomula nge Sportfield esisezingeni eliphezulu "Siyanibongela kakhulu zakhamuzi zakwa ward 12 ukuthi senizothola indawo yokudlalela esezingeni eliphezulu. Thina njengomkhandlu sisahamba ezinyathelweni zethu njengoba sanithembisa intuthuko futhi nisazoyithola sisazoqhubeka nokunye". Kusho uSodolobha.

"Niyanxuswake mphakathi ukuthi niphathe kahle lezinto zokusebenza "Siyacela ukuthi nizibheke lezinto zokusebenza ngoba lento eyenziwayo eyenu ukulahleka kwazo kusho ukuma komsebenzi lokho okusho ukuthi kuyobe sekuphelileke ngokuthi nithole inkundla enhle". Kuqhuba usodolobha

"Mina kuyangijabulisa ukwakhiwa kwezinqalazizinda ezinjengalezi emiphakathini ngoba lokho kuyasiza ekuqoqeni intsha yakithi. Esikhathini samanje izingane zethu sezizinikele ezintweni ezimbi ezifana nezidakamizwa kanye nokunye manje izinkundla zokudlala zenza itsha iqoqeke". Kuphetha uSodolobha

Kuzokhumbuleka ukuthi vele kulenkundla kuyinkundla ebhizi kakhulu njengoba kuhlale kunemidlalo ebakhona kudlalelwa iziteki lapho amaklabhu abuya kuma wadi ahlukene ehlanganyela khona ezodlala lokho okuwusizo ekuqoqeni itsha yakithi kulelizwe elibi kangaka.

# KUHLATSHWE ISOYI LOKUQHUBA UMGWAQO WASEDOLOBHENI U SOUTHERN ROAD PHASE 2

**Bekuyinjabulo yodwa kumphakathi wase lokishini e Ward 14 ngenkathi uSodolobha ukhansela SM Kunene, uSekela Sodolobha uKhansela MN Zungu behambisana kanye namakhansela omkhandlu bezohlaba isoyi lokuqhubezela umgwaqo u Southern Road phase 02.**



*Usodolobha uKhansela SM Kunene , uSekela Sodolobha uKhansela NM Zungu, Usomlomo womkhandlu ukhansela ME Mnguni kanye namakhansela omkhandlu lapha behlaba isoyi lika Souther Road , Phase 02 edolobheni.*

Kuzokhumbuleka ukuthi kungekudala nje uSodolobha kanye nomkhandlu wakhe bebeyohlaba isoyi lika Southern Road phase 01 okuyimanje nje izinkontileka zisaphambana zehlazenyuka khona kulomgwaqo. Lokhu kuyenye yezindlela umkhandlu ozama ngayo ukuphucula impilo yabahlali basedolobheni.

"Inhloso yethu ukuthi sithi siphuma ngo 2021 yonke imigwaqo yasedolobheni ibe isine tiyela lena indlela esikhombisa ngayo izakhamuzi zasedolobheni ezikhokha ama rates ukuthi siyazikhumbula futhi siyazinakekela sifuna zihlale zijabulile ngasosonke isikhathi"kusho usodolobha.

Uqhube wathi " nani manje senizokwazi ukuziqhenya ngendawo yangakini umanihamba emadolobheni amakhulu ngoba bekuthi uma umuntu uphuma lapha enquthu uma ebuzwa ukuthi uphumaphi ubevele ikhombe amadolobha esakhelene nawo okungo Newcastle noDundee kanye namanye.

"Niyanxuswa ukuthi nibambisane nezinkontileka nibe iso lomkhandlu kukho konke okwenzakalayo ngoba lokhu kwakhiwa komgwaqo kungokwenu" kuqhuba uSodolobha. Uphethe ngokuthi " kuningi kabi esisazokwenza lapha edolobheni sifuna idolobha lethu libe sezingeni eliphezulu njengawowonke amadolobha.

uSekela sodolobha ukhansela NM Zungu naye obehambele lomcimbi wokuhlatshwa kwesoyi nokunguyena ongusihlalo wakwa Technical Services okuyibona abasebenza ngalomsebenzi wokuhambisa intuthuko emphakathini ubongele abantu bakwa ward 14 "Siyanabongela kakhulu mphakathi ka ward 14 ngokuthi nithole intuthuko izikhathi zilandelana, ngalokho siyakhombisa ukuthi singumkhandlu onakekelayo."

"Siyakuqonda ukuthi imali esiyitholayo emkhandlwini yama rates kungenxa yenu yikho sihlale phansi sabonisana ukuthi manje sekuyiso isikhathi sokuthi nani nijabule futhi kubonakale ukuthi nihlale edolobheni nibe neligwaqo emihle njengawowonke amadolobha"kuqhuba uSekela sodolobha.

Uphethe ngokuthi aphinde athembise ukuthi kukhulu kuseza khona lapha e ward 14.

Amalunga omphakathi abegcwele injabulo abe esezibongela kakhulu kusodolobha kanye nomkhandlu ngokuthi uma enza isabelo zimali babakhumbule "siyabonga kakhulu emkhandlwini waseNquthu ngokuthi usikhumbule nathi bahlali balapha edolobheni kunininje sahlala kulamabhuqu emigwaqo into ebeyisiphatha kabuhlungu nje ukuthi besikhokha ama rates"kusho omunye wezakhamuzi.

"kodwa sesiyajabula manje ngoba nathi sesizoba nemigwaqo emihle kubonakale ngempela ukuthi nathi sisedolobheni.

Lomgwaqo ozoba ngu 4.1 km uzodla isamba semali esilinganiselwa ku R37 927 298.51 okuyimanje nje izinkontileka seziqalile ziyaphenduka khona elokishini ukwakha uphase 02 belu.



*inxenye yamalunga omphakathi abehambele lomcimbi wokuhlatshwa kwe soyi lase Southern Road , phase 02 kwa ward 14 edolobheni*

# UMPHAKATHI WASEKUPHILENI I UHLOMULE NGOGES



uSodolobha uKhansela SM Kunene, Inkosi yesizwe sakwa Hlatshwayo, USomlomo, amakhansela , izikhulu zakwa Eskom kanye namalunga omphakathi bephendula isoyi lokufakwa kukagesi endaweni yasekuPhileni e Ward 06, enondweni.

## Umphakathi wakwa Ward 06, ekuphileni nawo ubengomunye wama ward abesenhlanhleni yokuthi azihlomulele ngentuthuko zisuka nje.

Lokhu kwenzeke emvakokuba umkhandlu waseNquthu oholwa uSodolobha u khanselaSM Kunene, amakhansela omkhandlu kanye no Eskom bevakashele lendawo ukuyothula usonkontileka mhlaka 26 July 2018.

USodolobha utshele umphakathi ukuthi lokhu kuyinxenye yezethembiso abazenza mhla bengena emkhandlwini "mhla singena emkhandlwini sazibophezela ekutheni sizoguqula izimpilo zomphakathi waseNquthu zibe ezigcono , njengoba silapha nje namuhla sizofeza lesosithembiso." Ayikho indawo lapha eNquthu ongeke ibe nogesi, singumkhandlu ngokubambisana no Eskom sizioqinisekisisa ukuthi yonke iNquthu iyakhanya, kusho uSodolobha .

"Inhloso yethu thina ukuletha intuthuko emphakathini ukuze umphakathi uhlale ujabule njalo nje, siyazi ukuthi angeke Sithole yonke into kanye kanye ngenxa yesabelo zimali esisitholayo ngonyaka kodwa kancane kancane kuyoze kulunge"kuqhuba usodolobha. "niyacelwa mphakathi ukuthi lezizinsiza kusebenza zikagesi ezizolethwa lapha emphakathini nizibheke ngoba zizosizanina nize ningalokothi nizitshotshe ngoba lokho kuyodala ukuthi umsebenzi ume ungasaqhubeki ngoba izinsiza zingasekho, kunanazela uSodolobha.

Uphethe ngokuthi aqaphelise umphakathi ngobungozi bukagesi waphinde wacela usonkontileka ukuthi uma eseqash aathathe abantu basendaweni ngaphandle kwalezozikhala ezidinga abantu abanolwazi oluthile nakhona umangabe ebgabatholi endaweni.

Lomcimbi ubuhanjelwe nayinkosi yesizwe sakwa Hlatshwayo ebe isibongela isizwe sayo ngokuthi Sithole ugesi yaphinde yathembisa nokuthi izoba iso lakho konke lokhu okuzobe kwenzeka izobheka ukuze ibheke ukuthi kungabe intuthuko yesizwe sayo ihamba ngendlela yini. uNdabezitha naye ube esenxusa umphakathi ukuthi uqaphe izinto zawo ngoba lezinto zizosizabon.

Ongumphathi wakwa Eskom e Newcastle u Mnu Nkosi ufundise umphakathi ngobungozi bukagesi ubuye wabathembisa ukuthi bazophinde bebuye bezobafundisa ngobungozi bukagesi , ubephethe namapheshana akhombisa indlela okumele kuphathwe ngayo ugesi kanye nobungozi bawo. Uphinde wagcizelela ukuthi labo abangakhile kumanje ezindaweni zabo ngeke bawuthole ugesi.

Lomcimbi ubuhanjelwe nayiNkosi yesizwe I Nkosi Hlatshwayo nayo ezwakalise ukujabula ibongela isizwe sayo ngentuthuko "siyisizwe sakwaHlatshwayo sidlulisa ukubonga okukhulu ngalokhu esikubona kuzokwenzeka lapha esizweni sobaba. Siyacelake mphakathi ukuthi niziphathekahle lezinto ngoba zizosiza nina."kusho Inkosi. Siyathemba ukuthi sizosebenzisana kahle nosonkontileka laba abathulwe phambi kwethu namhlanje."kuphetha inkosi Hlatshwayo.

namalunga omphakathi abe esezibongela kakhulu kwa Eskom kanye naku Sodolobha womkhandlu ngokuthi afeze isethembiso sakhe asenza emphakathini. "siyabonga kakhulu ku Meya wethu ngomsebenzi omuhle enisilethele wona , sesizokwazi nathi ukuthi sikhanyise njengabobonke abantu, sikwazi nokuthi sizitholele amathuba omsebenzi uma inkontileka isafaka ugesi.

Ngokusho kukasonkontileka lomsebenzi ubuzoqala ngalo lolusuku okuthulwe ngalo. Ngoba obese kumisile ukuthi athulwe emphakathini bese eqala umsebenzi.



inxenye yamalunga omphakathi abehambele lomcimbi yokuphendulwa kwesoyi lokufakwa kukagesi ekuphileni e ward 06.

# KUDLULISELWE IZINQALA
# ZIZINDA EMPHAKATHINI



uSodolobha, amakhansela omkhandlu kanye namalunga omphakathi ngenkathi kuvulwa I hholo lakwaNgedla.

**Umphakathi wakwaNgedla, ward 10 uphume ngobuningi bawo uzozimukelela wona mathupha ihholo elizoshitha izimpilo zabo.**

Lokho kwenzeke mhlazingu 21 August 2018 lapho usodolobha uKhansela SM Kunene kanye namakhansela omkhandlu ehambele lendawo yakwa Ngedla, ward 10 eyodlulidela lelihholo elisezingeni eliphezulu. Elidle isizumbulu semali esingu R2 758 733.59 Million.

"Silapha namhlanje ukuzovula lelihholo ngokusemthethweni siphinde silidlulisela ezandlenu zenu thina njengomkhandlu"kusho uSodolobha. Uqhube wathi "lelihholo elenu futhi lizosizanina lapha emphakathini manje ke kusezandlenu zenu ukuthi niligade futhi niphinde niliphathe kahle .

" Amanye amahholo esengiwahambele isimanga uthola ukuthi asebhobozwe izimbobo ezindongeni aze abhobozwe ngisho usilinga uqobolwawo. Niyacelwa ukuthi keniwuyeke lomkhuba ningayenzilento ngoba lamahholo awenu uma nenze njalo azomoshakala niphinde nibuyele ekuhluhekeni kokubamba imihlangano elangeni nasezimvuleni ihholo selingasekho esimeni sokuthi ningangena ngaphakathi."kuphetha uSodolobha

Amalunga omphakathi ajabule kakhulu abonga agcogcoza kusodolobha kanye nahamba nabo. Elinye lamalunga omphakathi likhuluma nezinkumbi zabantu ebezihambele lomcimbi libeke kanje na " siyabonga kakhulu kuSodolobha kanye nomkhandlu wonke sesizokwazi nathi ukuthi sibambele imihlangano yethu endaweni ekahle futhi ephephile.

Uqhube wathi " angeke nje sisabambela elangeni sishiswe ilanga. Nabantu abadala laba abahola impesheni sebezokwazi ukuthi uma kunetha izulu noma kushisa ilanga bakwazi ukuthi baholele endaweni lapho abangeke batholane khona nezimo ezibhedayo zezulu

USodolobha kanye nomkhandlu aba gcinanga lapho ngosuku olulandelayo badlulele endaweni yaseMabululwane , Ward 08 lapho nakhona abeyokwenza umsebenzi ofanayo yokuyodlulisela ihholo emphakathini. Okuyi Mabululwane Hall nalo elidle isizumbulu semali esilinganiselwa ku R2 830 053 89 Million. Nakhona amalunga omphakathi ebecula , ekikiza ejulele ukuvulwa kwaleli hholo elizoba usizo olukhulu emphakathini wakhona.

Lamahholo amumatha abantu abangu 400 ngalinye, anekhishi . Anezinsiza kusebenza okuyizitulo ezingu 400, amatafula, isitofu kanye nefrigi. Lezizinto inhloso yazo



*lapha kungenkathi uSodolobha ukhansela SM Kunene , uSomlomo Ukhansela ME Mnguni , amakhansela oMkhandlu kanye noMqondisi wakwa Planning uMnu. MB Jiyane bedlulisela izitifiketi kosonkontileka abacane kanye nabasizi babo*

ukuthi zisize abantu abazosebenzisa ihholo uma benemicimbi.

Okuhle kakhulu ngalamahholo ukuthi izindawo zokuzisiza (Toilets) sezikhishiwe ngaphandle zakhiwa buqamamana nehholo. Umkhandlu uzibophezele ekuthenini uhambise intuthuko esezingeni eliphezulu kwimiphakathi eyakhele indawo yaseNquthu. uMhlonishwa uSodolobha SM Kunene , uSekela Sodolobha kanye namakhansela omkhandlu baphinde kwathi mhlazingu 06 August 2018 bahambela indawo yase ward 03, Savuye lapho bebeyodlulisela khona lomgwaqo ongu Savuye Road , Phase 02 emphakathini. Lomgwaqo ungu 2.7 Km odle isizumbulu semali esingu R2 567 736.13 Million.

Ngalololosuku umkhandlu waseNquthu ngaphansi komyango wakwa planning ngaphansi kophiko lwezamabhizinisi badlulisele izitifiketi zokubonga kosomabhizinisi abancane kanye nabasebenzi ababo abebebambe iqhaza ngesikhathi kwakhiwa lomgwaqo.

USodolobha u khansela SM Kunene ubonge labosomabhizinisi ngokuzimisela besebenza ngokuzikhandla ukuze kudluliselwe intuthuko emphakathini "iyangcomeka indlela enisebenzisane ngayo nosonkontileka lokho akusho nina kodwa kusho umsebenzi esiwubonayo lapha phambi kwethu nangendlela enisheshise ngayo ukulungisa lomgwaqo siyabonga kakhulu".

"kuyajabulisa ukubona itsha yakithi izibanda kanya ezintweni ezinjena futhi isebenza ngokuzimisela. Siyanibongela kakhulu ngezitifiketi esenithe nazihlomula. Lezitifiketi ziyoba usizo kakhulu noma senifaka izicelo zemisebenzi"kuphetha uSodolobha

kuzokhumbuleka ukuthi kungekudala nje uSodolobha kanye nama Khansela babeyodlulisela enye inxenye yalomgwaqo engu Savuye Road phase 01. uSodolobha kanye namakhansela omkhandlu babe sebephetha ngokuthi badlulisele okokuxosha ikati eziko emindenini engama Shumi amabili kuzozontathu lezizindawo obekudluliselwa izinqalazizinda khona.



*uSodobha u khansela SM Kunene , uSomlomo womkhandlu u Khansela ME Mnguni kanye namakhansela omkhandlu edlulisela okokuxosha ikati eziko komunye wamalunga omphakathi aka ward 03 , eSavuye*

# KUBUNGAZWE IMIZUZU ENGU 67 YOSUKU LUKA MANDELA



*lapha kukwaMbewunye e ward 08. USodolobha waseMzinyathi Ukhansela PMS Ngubane , uSodolobha womkhandlu waseNquthu ukhansela SM Kunene amakhansela aseNquthu kanye nawaseMzinyathi kanye nosingaye uXolani Buthelezi lapha abaholi beqeda ukuxova udaka lokuqala lokwakha indlu yakhe. Eduze kwakhe kume I Wheelchair yakhe etsha ayinikelelwe umkhandlu waseNquthu.*

**Bekuqhuma umkikizo kuqhuma amakhwela ezikolweni ezintathu ebezivakashelwe umkhandlu waseNquthu ukuyonikela ngemifaniswano yesikole obekuyinxenye yokubungaza u 67minutes wosuku luka Baba uMandela.**

UMkhandlu waseNquthu oholwa u Sodolobha u khansela SM Kunene ubuhamba ushiya umfaniswano oyishumi isikole ngasinye kanye nebhokisi lama sanitary pads.

Lezizi zikole zingezinye zezikolwe ezihlonzwe njengalezo ezinezingane eziningi eziphuma kumakhaya ahlwempu. Izingane ezithole imifaniswano zikhethwe ngosizo lothisha ngoba ibona abazazikahle ezihlale zisemehlweni abo njalo.

Izikolwe ezihlomule kuloluhlelo singabala I Sibanini Primary School, Vezinhlanhla Primary School, Magabeni Secondary School. Umkhandlu awugcinanga lapho ubuye wahambela isikole sakwa Nyezi , uNyezi Primary School lapho ubuhambisana nenhlangano inoMnyezi.

Lenhlangano yasungulwa abanye babafundi ababefunda kwaNyezi Primary School kanye nakwa Nomdumo High School ababe sebehlanganisa lamagama omabili bakha uNomnyezi. Inhloso yabo ukubonga nokubuyisela ezikoleni ababefunda kuzona njengoba bona sebephumelele.

Ongusihlalo walenhlangano u Mrs Lungile Jiyane , ongumsebenzi khona lapha kwaMasipala uzibongele kakhulu kubobonke othisha ababambe iqhaza ezimpilweni zabo bezebebelapha esebekhona namuhla nje.

“inhloso yethu yokuthi sakhe lenhlangano ukuthi sizokwazi ukuthi sizame ukusiza lapho singase sisize khona khona lapha ezikoleni, lokhu kuyindlela yokuthi sizwakalise ukuzibongela ngoba engabe asikho lapha sikhona namuhla.”

Uqhube wathi “siye savakashela khona lapha esikoleni sabuza ukuthi yini esingabasizangayo bakhale ngama glass amafasitela ukuthi izingane ziyafa amakhaza. Sibe sesihlanga nisa imali sathe nga amaglass esikole abeshoda kanye nepathi yokuwafaka.”

Uphethe ngokubonga uMphathi kaMasipala uMnu. BP Gumbi owayenguthishanhloko kwaNomdumo ngesikhathi esafunda khona wabonga iqhaza alidlala ezimpilweni zabo.

Lenhlangano ibisicela umkhandlu ukuthi ubasize nge transport ukuthi uyobalandela amanye ama glass asala egoli abangakwazanga ukuwalayisha ngenxa yetransport.




*ubeqholosha kanjena uGogo wakwa Hadebe eward 11 ongomunye wogogo abayisihlanu abazihlomulele ngokokuxosha ikati eziko kanye noncamnce. Lapha bebehanjelwe umakhandlu waseanquthu oholwa ukhansela SM Kunene kanye namakhansela ngenhloso yokubunga za iminyaka eyikhulu  ( 100 Years Cenentary).*

Ngalo lelolanga ngosizo le EPWP wabe usuqala umsebenzi wokufaka kwezingilazi lezo ezasezikhona.

Ekhuluma nabafundi kanye noThisha uSodolobha waseNquthu ubonge kakhulu othisha indima abayidlalayo ekukhuliseni izingane "Njengabazali siyabonga kakhulu ukuthi nisinakekelele abantwana, lokhu ngikushiso ukuthi abantwana bachitha isikhathi esiningi belapha esikoleni kunasemakhaya."

Uqhube wathi "siyabonga kakhulu kuNomnyezi ukuthi usimeme ukuthi sihlanga nyele kunye nawo kulomcimbi omuhle kangaka."ube esephetha ngokuthi aluleke abafundi ukuthi baziphathe kahle futhi bahloniphe othisha.

Umkhandlu nawo awufikanga ngezandla kulomcimbi kodwa unikele ngezicathulo zesikole eziyishumi ezinganeni abacele ukuthi othisha babakhethele zona lezo abazaziyo ukuthi ziyashoda ngazo.

UThishanhloko wakwa Nyezi Primary School uMnu Ntombela Uphethe ngokuthi azibongele kuMeya kanye nabaholi abehambisana nabo waphinda wabonga kakhulu kuNomnyezi Organisation ngeqhaza elikhulu olibambile ekulekeleleni ngezidingo zesikole.

Umkhandlu ube usuzibophezela ekuthenini uzokwenza ngakho konke okusemandleni ukuthi uzilandelezizingilazi .

Umkhandlu ube usugcina isithembiso sawo ngokuthi uzilande lezizingilazi.

Ngalo lolosuku umkhandlu nokubambisana noMkhandlu wesifunda uMzinyathi babe sebevakashela kwa ward 08, kwambewunye lapho isifunda soMzinyathi besakhela khona u Mnu Xolani Buthelezi indlu. Kuwo lomcimbi umkhandlu waseNquthu unikele nge Wheelchair kanye nama food Parcel kuMnu Buthelezi.

uMnu Buthelezi uzwakalise ukubonga okukhulu kwimikhandlu yomibili ngento abamenzele yona "ngidlulisa ukubonga okukhulu ngento eningenzele yona , ngiswele imilomo eyizinkulungwane yokubonga.

abakhi balendlu bathembisa ukuthi emavikini amathathu iyobe isiphelile.

Umkhandlu awugcinanga lapho ube usubungaza iminyaka eyikhulu kaMandela u (100 years centenary) ngokuthi uvakashele imizi emihlanu enabantu abadala abaneminyaka engaphezu kuka 100  ibahambisele ukudla kanye nezinto ezimnandi ezithandwa abantu asebekhulile.




*Abafundi base Magabeni Secondary School kanye nabaholi bomkhandlu waseNquthu bedlulisela umfaniswano wesikole kubafundi abahlomulile.*

# BABAMBE ISITHANGAMI SOKUBONISANA
# ABANTU ABASHA



itsha ebihambele isithangami ebesibanjelwe e VA Makhoba mhlaka 23 August 2018.



enye yama group isithula iziphumo zayo endlini emva kokudingida isihloko ababekade benikezwe sona.

**Abantu abasha baseNquthu bathole ithuba lokuzobonisana ngezinkinga ezithinta bona nqo. Lokhu kwenzeka mhlazingu 23 August 2018 e VA Makhoba hall.**

Lokhu kube yithuba elingqayizivele njengoba bebexoxa becebisana nangokwempilo esiphilwa namuhla.

Abantu abasha bahlangane amaqoqo, iqoqongalinye belinikezwe isihloko esisodwa ukuthi basidingide bese bephuma neziphakamiso bese lezoziphakamiso bezithulela umhlangano.

Lokhu bekuwusizo olukhulu ngoba bekukhombisa ukuthi abantu abasha kulezizinkinga ezingaka ababhekene nazo njengabaholi bakusasa balelizwe bacabanga ukuthi yini engasiza ekuthenini zixazululwe ukuze lelizwe libe elincono kusasa.

Lomcimbi ubuhanjelwe Iminyango kahulumeni ehlaikahlukene okubalwa kuyo Owezokuthuthukiswa koMphakathi, ezokuthuthukiswa komnotho, umkhandlu wezokuthuthukiswa kwabantu abasha (NYDA) nabo ababambe elikhulu iqhaza kulezizinxonxo.

Izihloko ebebekhuluma ngazo ilezi ezilandelayo

1. Ukulwa nobugebengu nezimo ezihlupha umphakathi.
2. Ukuthuthukiswa kwamakhono nokwakhiwa kwamathuba omsebenzi
3. Isifo sengculaza nesandulela sayo, nezinye izifo ezithelelana ngokocansi
4. Ukukhulelwa okungahlelelwe
5. Ukuhlinzekwa kwezidingo emphakathini, nokuvikela inqalasizinda ekhona.
6. Ukuthuthukiswa kwamabhizinisi amancane nokuhlonyiswa kwabansundu kwezomnotho.
7. Intando yeningi namalungelo
8. Ezemidlalo nezokuncebeleka

Evala umhlangano uSodolobha waseNquthu, uMhlonishwa ukhansela SM Kunene Ukhuthaze abantu abasha ukuba basebenzise onke abathuba avulwa nguhulumeni ukuze bathuthuke.

Wakugxeka okwenzeka kwezinye izindawo lapho kuba nemibhikisho ecekela phansi izakhiwo zikahulumeni."Kubalulekile ukuba nisebenze ukuzithuthukisa ukuze nibe nekusasa elihle. Sebenzisani onke amathuba avezwa uhulumeni nazo zonke izinhlaka zikahulumeni."uqhube wathi "kubalulekile ukuthi nizithuthukisa nilethe ushintsho endaweni yangakini. Niyivikele intuthuko ekhona manje. Ayikho into ebuhlungu njengokuthi abantu umabetoyiza bashise noma babulale izinto asebenzelwezona kodwa bethi bafuna intuthuko bazoyithola kanjani ngoba phela lemali okuzofanelele kuqhutshekwe ngayo ngentuthuko sekumele kubuyelwe emumva kuyokwakhiwa lokhuya obekwakhiwe bakubulala." Kugcizelela uSodolobha.

"Abatshali zimali abayithandi indawo enodlame. Ukuthula nozinzo kuheha abatshali zimali. Ikusasa lezwe lethu lisezandleni zenu, vikelani indawo yenu kanye nezwe lenu inina abaholi bakusasa " Kuphetha usodolobha

# BAHLOMULE
# NGOMFANISWANE WESIKOLE



*abafundi base Siyanda High School , Ward 09 esingesinye sezikole esiphumelele kahle kumatikuletsheni ka 2017.*

**Minyaka yonke umkhandlu waseNquthu ngokubambisana namakhansela bahlonza isikole ngasinye ewadini kumawadi ongu 17, esizohlomula ngemifaniswano wesikole. Kuphinde kwenzeka nakulonyaka .**

Inhloso yalokhu ukubuyisa ithemba nokugqugquzela abafundi ukuthi bakwazi ukufunda nabo bafane nabanye bangazenyezi ngenxa yezimo ezingafani abaphila ngaphansi kwazo emakhaya.

Lokhu bekuphinda kufezekisa isithembiso esenziwa uMeya womkhandlu uMhonishwa SM Kunene ngosuku agcotshwa ngalo sokuthi Mhla engena ehhovisi bazibophezela ukuhambela wonke umphakathi kuwo onke amakhona aseNquthu bahambise izidingo kanye nentuthuko kumphakathi.

Loluhlelo kunikezelwa ngomufaniswano ophelele kubafundi abayishumi isikole ngasinye. Lomfaniswano ufaka izicathulo, iziketi, amasheti, amabhulukwe, amasokisi, amajezi kanye nothayi.

Ekhuluma nabafundi, othisha kanye nabazali uSodolobha ubeke kanje "Ukuba khona kwethu lapha sizofezekisa isethembiso esasenza mhla singena ehhovisi ukuthi siyohambela yonke imiphakathi. Sizimisele ukunisebenzela ngokuzikhandla sibuyisele okwabantu ebantwini ngokunilethela intuthuko."kusho uSodolobha

"Siwumkhandlu waseNquthu kuyisifiso sethu ukuthi bonke abantwana baye ezikoleni ngokuzethemba. Kungabikho ozozinyeza ngoba engenawo umfaniswano. Nakuba sifisa ukugqokisa abafundi abaningi kunalokhu siphazanyiswa ukungabi nayo inkence eyanele ukukwenza lokho. Kuqhuba usodolobha

"siyanxenxa ukuthi nosomabhizinisi bakithi babambe iqhaza ekulekeleleni ekukhulisweni kwesizwe sakithi ngoba phela njengoba befunda nje phakathi kwabo kukhona nabaphathi bezwe bakusasa umtwana oyedwa nje osizakele lokho kuwukutshala imbewu yokusizana kanye nokwakha isizwe esisodwa esibumbene.

Naye loyomtwana uma ekhula uyosiza abanye ngoba uyobe ekhumbula isimo asuka kusona eqonda futhi ukubaluleka kokusiza abanye."kuqhuba uSodolobh . Usodolobha uphinde wakhuthaza abazali ukuthi banakekele abantwana babo.

uSodolobha ube eseyala abafundi ukuthi baziphathe kahle bahloniphe othisha ukuze kusasa bathole ikusasa eliqhakazile "thina silapha sikhona nje namuhla salalela othisha kanye nabazalibethu besikhokhela, uma ufuna ukuba utho empilweni kumele ulalele abantu abadala ngoba ibona abayaziyo indlela kuqhuba uSodolobha.

"kodwa ke umuntu kukuye ukuthi azikhethele ukuthi ufuna ukubayini empilweni." Uphinde wabakhuthaza abafundi ngokuthi abazimisele ngoba ikusasa lisezandleni zabo.

Izingane ezihlomula kulelu hlelo zihlonzwa ngothishela ezikoleni ngoba ibona abazaziyo nabachitha isikhathi esiningi nazo.

Izikole ezihlomule loluhlelo ilezi ezilandelayo:

| **Iwadi** | **Isikole** |
|---|---|
| 1 | Matshana Primary School |
| 2 | Ndwalane Primary School |
| 3 | Klwana High School |
| 4 | Nhlopheni Secondary School |
| 5 | Nomashaka Primary School |
| 6 | Nhlelanhle Secondary School |
| 7 | Magabeng Secondary School |
| 8 | Vezinhlahla Primary School |
| 9 | Siyanda High School |
| 10 | Buzubona Primary School |
| 11 | Batshe Primary School |
| 12 | Springlake High School |
| 13 | Nhlalakahle Secondary School |
| 14 | Esibanini Primary School |
| 15 | Ukuphumula High School |
| 16 | Leneha High School |
| 17 | Tlokweng Primary School |

"Minyaka yonke umkhandlu kubanemali ayibekayo yokubhalisa izingane eseziphothule ibanga leshumi ezikhungweni eziphakeme nakulonyaka kunemali esiyibekile yokubhalisa ezikhungweni zemfundo ephakeme futhi ethe ukuthio xaxa kunalena ebesiyibeke kulonyaka ofile. Kulonyaka sibhalise abafundi abangaphezu kwekhulu ezikhungweni eziyishumi nantathu kulo lonke izwe laseNingizimu Afrika."kuphetha uSodolobha.

Loluhlelo lomfaniswano wesikole udle imali elinganiselwa ku R190 000.



*abafundi base Klwane High School e ward 03, abazihlomulele ngomfaniswano wesikole lapha bakanye namakhansela omkhandlu, uthishanhloko kanye nabazali.*



*abafundi base Buzubona Primary School e ward 10, lapha bekanye no Sodolobha ukhansela SM Kunene, ukhansela we wadi ukhansela FA Hlatshwayo kanye no Thisha nhloko.*

# BAHLOMULE NGEZINCWADI ZOKUSHAYELA



*abaye babafundi abahlomule ngezincweadi zokushayela ohlelweni lomkhandlu lokuxhasa abantu abasha ukuthi bathathe izincwadi zokushayela .*

**Bekuyinjabulo yodwa kwitsha yaeNQuthu ebuya kuwowonke ongu 17 amawadi. Lokhu kwenzeke emva kokuba uSodolobha kanye namakhansela bedlulisele ngokusemthethweni izincwadi zokushayela abazihlomule ohlelweni lomkhandlu ngaphansi kuka LED.**

Lomcimbi ububabanjwe mhlazingu 04 September 2018, e Nquthu Council Chamber lapho ubuhanjelwe uSodolobha ukhansela SM Kunene, amakhansela kanye nabafundi. Lokhu kwenzeka minyaka yonke lapho ngokuhlonzwa amakhansela amawadi umkhandlu okhipha khona isizumbulu semali ukuqasha izinkampani ezifundisa ukushayela ukuthi zisize lababafundi.

Kuphinde kwenzeka nakunyaka ka 2017/18 lapho umkhandlu uhambise abafundi abangama shumi amathathu nesishagalolunye (38) ukuthi bayofunda ukushayela ukuze bezothola izincwadi zokushayela ezikoleni ezimbili lapho isikole ngasinye sathatha abafundi abayi shumi nesishagalombili (19) Loluhlelo lwaqala ngomhla zingu 14 February 2018. Loluhlelo ladla umkhandlu isizumbulu semali esilinganiselwa ku R260 000.

Usodolobha u Khansela SM Kunene ugqugquzele abafundi ukuthi bazimisele ngokufunda "leli ithuba elibaluleke kakhulu umkhandlu ukhiphe isizumbulu semali ukuthi unisize ngakho siyanicela ukuthi lelithuba nilibambe ngezandla zombili nizimisele ngoba kulesisikhathi samanje akuselula ukuthola umsebenzi ungenazo izincwadi zokushayela"

uqhube wathi siyabonga kakhulu kulaba abazohlomula umvuzo wabo namuhla siyethemba ukuthi kusukela namuhla senizohamba nazi ukuthi nihlomile uma kuphuma imisebenzi noma ikuphi efuna izincwadi zokushayela angeke nisavinjwa yilutho. Sinifisela inhlanhla ohambweni lenu."kuphetha uSodolobha.

Ekhulumela abahlomulile u Mnu Nkosinathi Mdladla ubonge kakhulu umkhandlu ngokuthi ubasize ngokuthi bakwazi ukuthi bathole izincwadi zokushayela "esikhathini samanje sekunzima ukuthola umsebenzi uma ungenazo izincwadi zokushayela lokhu sekuzokwazi ukuthi kusivulele amathuba amangcono okuthi sikwazi ukuthi Sithole imisebenzi". Uphinde wagqugquzela nalaba abazoqala ukuthi bazimisele balibambisise lelithuba bangalidedeli ngoba libaluleke kakhulu empilweni yabo.

Kuloluhlelo abafundi abangamashumi amathathu nambili (32) bahlomula ngama leaners licences kwathi kulo 32 abangamashumi amabili nambili (22) kwaba ibona abaphumelela ukuthathola izincwadi zokushayela ( drivers Licences).

Ngalololosuku lomhlaka 04 September 2018, kuphinde kwemukelwa abafundi abasha abangu 42 abazoqala loluhlelo lokwenza izincwadi zokushayela. Lona loluhlelo lubekelwe imali elinganiselwea ku R400 000.

Okuyimanjenje abafundi abasha abafundela ukuthatha amalicensi ngohlelo lukaMasipala baqalile emakilasini.



*abanye babafundi abasha okuyimanje baqalile ukufundela izincwadi zokushayela*

# BAKHUTHAZWE NGOKUBALULEKA **KWEMFUDO**

**Umkhandlu waseNquthu ngaphansi komtapowolwazi ( Library Services) ngokubambisana noMnyango wezamaCiko, Imidlalo kanye nokuNgcebeleka ngaphansi kwemitapo yolwazi bavakashele isikole iFanele Sibonge High School , wadi 01.**

Lokhu kwenzeke mhlazingu 07 August 2018. Inhloso yalokhu kuvakasha bekuwukuyogqugquzela abafundi ngokubaluleka kokuhambela imitapoyolwazi. uMnyango wezamaCiko, Imidlalo kanye nokuNgcebeleka ubuhamba ngebhasi lomtapo wolwazi (Mobile Library) inhloso yalokhu bekuzokhombisa nokugqugquzela abafundi ukuthi umtapo wolwazi into emi kanjani.

Abafundi bathole ithuba longena bazibonele bona mathupha ukuthi ngababe ini etholakala kulelibhasi. Bekuyinjabulo yodwa kubafundi balesisikole ukuthi bakwazi nje ukubona umtapo wolwazi eduzane baphinde bathinte nezincwadi zakhona.

Kuzokhumbuleka ukuthi iFanele sibonge High School enye yezikole ezisezindaweni zasemakhaya amakhulu aseQhudeni lapho kubiza imali enkulu ukuthi umfundi agibele ezokwenza izinto zakhe kumtapo wolwazi osedolobheni.

Ekhuluma nabafundi uSodolobha ukhansela SM Kunene uthe "namuhla sikhethe ukuthi size lapha namuhla sihambisana naboMnyango wezamaCiko, Imidlalo kanye nokuNgcebeleka ukuthi sizonikhombisa ukuthi sinithanda futhi sininakelela kangakanani ngokuthi sinisondezele umtapowolwazi eduzane kwenu nikwazi ukuwubona nithinte nezincwadi zakhona njenge sicelo senu." Uphinde wagqugqquzela abafundi bebanga leshumi ukuthi bazimisele.

"siyazi ukuthi njengamanje nje sekuzondele izinsuku zokubhalwa kwezivivinyo zokuphela konyaka, ngakho ke siyanxusa futhi siya nxenxa ikakhulukazi kubafundi bebanga leshumi ukuthi nifunde ngokuzimiselanjengoba sekusondele lesisikhathi , siyazi futhi siyathemba ukuthi nizophumelela kahle kuzivivinyo zenu nibeke indawo yaseNquthu kubalazwe njenge ndawo enezikole eziphumelela kahle ezifundweni zabo."

Uphethe ngokuthi akhuthaze abafundi ukuthi inhlonipho ibalulekile. "siyanicela futhi siyaninxusa ukuthi nihloniphe othisha kanye nabantu abadala nathi silapha sikhona nje kungenxa yokuthi sahlonipha uthisha uyafana nomzali wakho umangabe ulapha esikoleni isikhathi esiningi vele nisichitha nabo othisha kunabazali futhi uthisha uhlale efisela abafundi bakhe impumelelo." uphethe ngokuthi thina ngezikhathi sisafunda sasishaywa futhi sibahlonipha othisha hayi nina manje eningasashaywa.



*uSodolobha uKhansela SM Kunene , ukhansela wewadi u Cllr Z Sithole , uthisha Nhloko wase Fanele Sibonge High School uMama u Mswane kanye nosihlalo wekomidi lesikole bebuka ngaphakathi ebhasini lomtapo wolwazi*




*abanye babafundi base Fanele Sibonge High School bejabulele ukufika kwebhasi lomtapo wolwazi ( Mobile Library) lapha bebephuma ngaphakathi beqeda ukuzibonela ukuthi umtapo wolwazi into enjani*

Uthishanhloko wase Fanele Sibonge High School u Madam Mswane ube esebonga kakhulu ngabakwenzelwe umkhandlu "siyabonga kakhulu ukuthi nisivakashele namuhla nizobonisa izingane zethu ukuthi umtapo wolwazi uyinto enjani. Siyabonga kakhulu kumkhandlu ikakhulu kazi kubasebenzi base library abahlale behlale bade basikhumbula ukuzosivakashela nathi sikhona lapha eQhudeni sizizwa sibakhulu ikakhulukazi namuhla sivakashelwe nangu Sodolobha wethu."kuphetha uMadam Mswane

USodolobha ube esenikezela ngezicathulo zesikole ezingu 06 ukuthi uthishanhloko kanye nothisha bayohlonza lezozingane ezizidingayo bazinike.

# BATHOLE UQEQESHO
# OSOMABHIZINISI ABANCANE

**Umkhandlu waseNquthu ngaphansi kwehhovisi lakwa LED kwezamabhizinisi babambe okokuqala I Woman Business Seminar.**

Lomcimbi ububanjelwe e Nquthu Council Chamber mhlazingu 21 September 2018. Lomcimbi ubuhanjelwe osomabhizinisi abancane abahlukene bakhona lapha eNquthu kanye nezikhulumi ezibuya eminyangweni eyahlukahlukene sibala o Department of Economic Development, Small enterprise Development Agency, Abezempilo kanye nabanye abaningi.

Inhloso yalomcimbi bekuwukuzo khumbuza osomabhizinisi abancane ngokubaluleka kwabo ekuletheni umnotho walapha eNquthu kanye naseNingizimu Africa jikelele. Baphinde bakhuthazwa nangokuthi basebenze ngokuzimisela ngoba amathemba okukhuphuka komnotho walapha kwelakithi kulele ezandleni zabo. Baphinde bacobeleliswa ngolwazi lokuthi kumele bawaphathe kanjani amabhizimisi abo ukuze ahlale endlondlobele.

Izikhulumi ezahlukahlukene bezisina zidedelana inkundla zisho ngazwilinye ukuthi imbokodo ayivuke izibambe sesiphelile isikhathi lapho kwakuthiwa umuntu wesifazane kumele ahlale abheke ikhaya kube umuntu wesilisa kuphela okumele asebenze.

Ekhuluma nabesifazane abebehambele lomcimbi uSodolobha waseNquthu uKhansela uSM Kunene ubonge kakhulu iqhaza elibanjwe abantu besifazane ezintweni ezingi ikakhulukazi kulezizamabhizinisi "siyajabula ukuthi ngesikhathi sanamuhla abantu besifazane sebengene bathi shi manje kwezamabhisinisi. Kumina kuye nkulu injabulo ukuthi ngibephakathi kwabesifazane abangaka abangosomabhizinisi bakhona lapha eNquthu, ngiyaziqhenya ngokuba owaseNquthu".

uSodolobha uqhube wathi singumkhandlu sizimisele ukuthi siqhubeke nokubaxhasa labosomabhizinisi bakithi baqhubekele phambili kuzekuthi kusasa sikwazi ukuthi siziqhenye ngabo sebevele ezindaweni ezinkulu sekuthiwa baphuma eNquthu.

Uphethe ngokuthi abagqugquzele ukuthi bazibambe ziqine impela benze indawo yaseNquthu iziqhenye ngabo.

Lomcimbi ubuhanjelwe nangabakwa SEDA abebezodlulisela izinsiza kusebenza kulabosomabhizinisi. Loluhlelo luqale ngonyaka ka 2017 lapho umnyango wakwa SEDA waqeqesha osomabhizinisi abangamashumi amathathu(30) okwathi emva kwezifundo zabo bahlomula ngezitifiketi. Babe sebezihlomulela ngezinsiza kusebenza abazicela emvakokuphothula izifundo zabo okubalwa kuzona amafridge, amatafula, izitofu, imishini yokuthunga , izitulo nokunye okuningi.

Loluhlelo lusazoqhubeka lapho kuzophinde kuqeqeshwe abanye osomabhizinisi bakhona lapha ekhaya. Umkhandlu uzimisela kakhulu ukuthuthukisa osomabhizinisi abancane balapha eNquthu.




*abanye bo somabhizinisi abazihlomulele ngezinsiza kusebenza ngaphansi kophiko lakwa SEDA emva koqeqesho ababenalo lapha banoSodolobha , amakhansela omkhandlu kanye nabakwa SEDA.*



*abesifazane abebeyinxenye ye Woman Business Summit ebibanjelwe e Nquthu Council Chamber lapha bakanye nosodolobha womkhandlu ukhansela SM Kunene kanye namakhansela omkhandlu.*

# KUXHASWE IZINKULISA



*inkulisa yase ward11, I Zakheleni Crech nayo engenye yezine ezihlomulile ohlelweni lomkhandlu lokuxhasa izinkulisa*



*inkulisa yase ward 05, I Siyakhula Crech nayo ezihlomulile ngezinsiza kufunda*

## Izinkululisa ezingu 04 ezingaphansi komkhandlu wasenquthu zithole umxhaso wezinsiza kufundisa izizosiza abantwana.

Izinkulisa ziwusizo olukhulu emphakathini yakithi njengoba zisiza ekuthenini abazali bakwazi ukubeka khona izingane zabo uma beya emisebenzini noma besebenza emakhaya. Lokhu kwenza ukuthi ingane ikhule ihlakaniphile futhi ikwazi ukuphila nezinye izingane.

Minyaka yonke umkhandlu unohlelo lokuxhasa izinkulisa ngezidingo. Ngokubona ukubaluleka kwalezizinkulisa umkhandlu waseNquthu oholwa uSodolobha uphindile futhi nakulonyaka waxhasa izinkulisa ngezinsiza.lezizinkulisa okuyi : Sinothando Crech –Ward 3, Siyakhula Crech- Ward 5, Ntandoyesizwe Crech - Ward 10, Zakheleni Crech -Ward 11.

Ekhuluma nabazali bezingane kanye noThisha u Sodolobha uKhansela SM Kunene uthe "Ikusasa lalelizwe lilele ezandleni zentsha yakulelizwe ngakhoke kubalulekile ukuthi sibaxhase ngalokho esingakwazi ukuthi sibaxhase ngakho abakudingayo yize noma singeke sikwazi ukukwenza konke kodwa kulokhu okuncane esikhona yo ukukwenza kumele sikwenze". Kusho usodolobha

USodolobha uphinde wakhuthaza abazali ukuba baqinisekise ukuphepha kwabantwana babo." Kuliqiniso elaziwayo ukuthi izwe lethu lihlaselwe yidimoni elibi lokuhlukunyezwa kwabantwana. Kulesikhathi samanje kuhlukunyezwa ngisho izingane ezincane ezisancela. Ngakhoke kubalulekile ukuthi ukuza kwethu lapha namuhla sinikhumbuze ngokubaluleka kokunakelelwa kwabantwana kulesisikhathi samanje esiphila kuso.

Uqhube wathi ngokohlelo lukasomqulu odidiyelwe nohlahlozimali IDP zikhona izinkulisa umkhandlu ozozakha noma kungezona lezi esizivakashele namuhla kodwa kukhona lapho esithe masihamba sibheka sabona ukuthi kunesidingo esikhulu ukuthi zakhiwe khona".

Ube esenxenxa abazali ukuthi bazinakekele izingane zabo nokuthi bakukhuthalele ukuthi bazilethe ezinkulisa ngoba khona zifundiswa izinto eziningi zisheshe zihlakaniphe."kuphetha usodolobha

Onkunzana laba bebe cula bezixoxela bezijabulelele izinto ezimnandi ebebezibona phambi kwabo bengazi nokuthi lidumephi. okubalwa kuzona ama snaks, juice, chocolate nokunye okuningi .

Lezizinkulisa zizihlomulele ngezinto okungabalwa kuzo izimpotshi zokulala, izitulo, amatafula, amathoyizi , izinsiza zokufunda kanye nokunye okuningi okungasiza abantwana ukuze bazilungiselele indlela eyisiqalo sekusasa lempilo yabo.

Ezinye zalezizinkulisa azikho esimweni abanye bafundela emasontweni kukhulu nje okusamele uminyango kahulumeni ethintekayo ikwenze. Lomsebenzi udle umkhandlu isizumbulu semali esilinganiselwa ku R107 000.00

USodolobha kanye namakhansela abagcinanga lapho ngokuhambisa izinsiza kusebenza nje kodwa kuthe ngomhla ka 25 September wahambela indawo yaseMpumelelweni ku Ward 14 lapho bebeyohlaba khona isoyi lokwakha inkulisa nayo ezoba usizo olukhulu kubantu abahlala Empumelelweni kanye nezindawo ezakhelene nayo.

Lokhu kulandela isiqinisekiso asenza mhlazane engena ehhovisi ukuthi uyohambela futhi axhase zonke izinhlaka zomphakathi.

Lenkulisa ezoba sezingeni eliphezulu izodla umkhandlu isamba semali esingu R1 189 746.67.

# KUBUNGAZWE USUKU LWABESIFAZANE



*Bebeyishaya kanje abesifazane bebungaza usuku lwabo*

**Umkhandlu wazseNquthu usingathe umbungazo wabesifazane mhlazingu 29 August 2018 njengoba sazi ukuthi inyanga kaNcwaba inyanga yabantu besifazane. Lomcimbi ububanjelwe e Council Chamber.**

Abesifazane bebebahle bevunule meconsa ngezomdabu abanye befake imibala emnyama nebomvu.

lombungazo ubuhanjelwe iminyango ehlukeni ephethwe abantu besifazane endaweni yakithi eNquthu esibala kuyona umnyango weZempilo oholwa uNkosikazi MZ Khanyile okunguyena uMphathi sibhedlela saseNquthu i-CJM Hospital, SAPS wakhona lapha eNquthu oholwa umphathi sitesi umama Shezi

ekhuluma nabantu besifazane uMama Khanyile ube esebaqwashisa abesifazane ngomdlavuza wamabele kanye nomdlavuza wesibeletho wabalula ukubaluleka kokuthi sijwayele ukubheka izimpilo zethu njengabesifazane

"kubalulekile kakhulu ukuthi singabantu besifazane sihlale siyibheka imizimba yethu ngoba ithina esiyaziyo. Lokho kwenza sisheshe sibone uma kukhona okungasahambi kahle. Ngakho ke niyanxuswa ukuthi engathi ningahlala niwapotoza amabele enu ukuze uzokwazi ukuzwa umangabe sekukhona okungajwayelekile osukuzwa kuwona . Kusho umama Khanyile

Uphethe ngokuthi aqhuqhuzele abantu besifazane ukuthi bajwayele ukuvakashela imitholampilo beyohlola izibeletho zabo ngoba isifo somdlavuza siyathanda ukuhlasela isibeletho.

U Omie Nyandeni webala elimhlophe (albinism) ube eseqwashisa omama abanabantwana abanebala elimhlophe ukuthi bazame ukubabheka njengoba ukwaziwa ukuthi abantu bebala bayabulawa basengcindezeni enkulu kakhulu abasakwazi ukuhamba bakhululeka ngenxa yalokhu kuhlaseleka kwabo.

uMphathi siteshi saseNquthu umama Shezi naye ube eseqwashisa abesifazane abaphethe izikhundla ezinkulu ukuthi kufanele baphathe kanjani uma bengabesifazane, bakwazi ukuhlukanisa phakathi komsebenzi nezinto zasekhaya wagcizelela ukuthi uma uphuma ekhaya elinenhlonipho ubonakala ngezenzo akufanele ukuthi uma uphethe uphathe ngendluzula ngoba sonke siyadingana akekho ongamdingi omunye.

Usodolobha waseNquthu uKhansela SM Kunene ubongele abesifazane ngosuku lwabo "siyanibongela namuhla ukuthi nihlangane kuwusuku lweni nizokhuluma ngezinto ezithinta ninanqo. Siphinde sinxuse futhi sixwayise labo abahlukumeza abesifazane kanye nezingane ukuthi abayiyeke lento abayenzayo ayisile iwubulwane nje obuphindiwe.

Ube esephetha ngokuthi afisele bonk abesifazane usuku oluhle wagcizelela ukuthi kuyena nje lonke usuku kuwusuku lokuphatha kahle nokuhlonipha abantu besifazane.



*kusukela kwesobunxele u khansela uPP Ntombela ongusihlalo wekomidi lakwa Corporate and Community Services, UKhansela NG Mdlalose ongu Sekela Sodolobha kwiSifunda soMzinyathi,uKhansela MR Ngobese ongusihlalo wekomidi lakwa Planning ,uSekela Sodolobha u khansela NM Zungu obuye abengusihlalo wekomidi lakwa Technical Services emkhandlwini*

uSekela Sodolobha waseMzinyathi u-Cllr NG Mdlalose obeyisikhulumi sosuku ugcizelele kakhulu kwabesifazane ukuzithanda nokuzinaka wathi kufanele bafunde ukuzenzela bengejwayeli ukucela ngoba lokho kugcina kukufaka ezilingweni ezinkulu. "umangabe ungumuntu wesifazane kumele ujwayle nje ukuthi ukwazi ukuzenzela izinto unganciki kakhulu kubantu ngoba lokho kwenza ukuthi ukwazi ukuzimela"kusho umama Mdlalose

Ube esephetha ngokuthi akhuthaze abantu besifazane ukuthi bazithande "kuhle nje ukuzithanda umangabe ungumuntu wesifazane ngoba lokho kwenza uhlale unokuzithemba".

Undlunkulu wakwaMazibuko ugcizelele ukuthi abantu besifazane abazithande bazinakekele bafunde ukuzenzela ngezandla zabo.

U Thuli Mpondombi uxhwayise abesifazane nge-HIV/AIDS ukuthi ikhona abahambe bayohlola ngoba kubalulekile ukuhlala wazi ukuthi impilo yakho imi kanjani.

Yena njengomuntu ophila ne-HIV/AIDS iminyaka engaphezu kuka-20 kuyaphileka ne-HIV/AIDS kodwa kudinga ukuba uzimisela ngokuthatha imishanguzo yakho ngesikhathi ukuze uzophila isikhathi eside, singalenze iphutha lokuyeka imishanguzo.



*uMama uShezi ekhuluma nabantu besifazane ngokuziphatha kanye nokuzihlonipha*



*Umama Khanyile ongumphathi wasesibhedlela I CJM Hospital khona lapha eNquthu eqwashisa abesifazane ngomdlavuza webele*

# INANI LABANTU ABASHODA NGAMA KHELI ABO KUMAWADI

# AHLUKA HLUKENE ASENQUTHU KWA IEC

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621017 | 450914 | DLAMINI | TOSHI |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621017 | 250619 | KANYILE | KATEBONA |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621017 | 750503 | KHUZWAYO | DUMILE SINDEPHI |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621017 | 760616 | KHUZWAYO | QHELILE |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621017 | 620607 | LANGA | MANDLAKHE |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621017 | 630424 | LANGA | SIQUMAMA |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621017 | 740206 | LINDA | MAFIKA INNOCENT |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621017 | 750907 | MAGASELA | THULELENI |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43 621017 | 511011 | MAJOZI | DLOZILEMA |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621017 | 771109 | MANYATHI | VUSI WELLINGTON |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621017 | 720112 | MAVUNDLA | THULILE NTOMBIKHONA |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621017 | 390103 | MBATA | NDASAYEDWA |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621017 | 640506 | MCHUNU | MBUYISENI SIMON |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621017 | 730803 | MNCUBE | CELIMPILO RADIO |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621017 | 710106 | MNCUBE | GIJIMANI ZAMOKWAKHE |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621017 | 890819 | MNCUBE | LONDIWE MAKHOSONKE ALLEN |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621017 | 491204 | MNCUBE | VENI TSHWELWA |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621017 | 500104 | MNCUBE | ZIBAKUPHI |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621017 | 760608 | MSELEKU | SIBONISENI MFANISENI |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621017 | 750818 | MTHEMBU | BHEKOKWAKHE JEROME |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621017 | 570505 | MTSHALI | GASTA |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621017 | 750522 | MVELASE | GOODNESS CACISIWE |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621017 | 241118 | MZANGWA | LINAH TOZI |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621017 | 380128 | MZOLO | NXANELENI HLAWULISILE |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621017 | 340307 | NDLOVU | MANTINGI |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621017 | 301020 | NDLOVU | MQHOSHILE |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621017 | 680304 | NDLOVU | ZWELIHLE SALOWAKHE |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621017 | 620311 | NGUBANE | MIZI DALUBUHLE |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621017 | 700226 | NKALA | SIMANGELE PRISCILLA |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621017 | 771004 | NTOMBELA | QHELILE FUNDISILE |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621017 | 660101 | NTULI | MBONGISENI JOSEPH |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621017 | 580102 | SIBIYA | GCINAPHI SEBENZILE |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621017 | 180110 | SIBIYA | MDATI |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621017 | 760102 | SIBIYA | SIKHOSIPHI PATRICK |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621017 | 530305 | SIBIYA | THANDWANGANI |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621017 | 381105 | SITHOLE | KANYISANA GEORGE |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621017 | 850907 | SITHOLE | KHUMBULANI JOHANNES |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621017 | 730108 | SITHOLE | LUNGILE SONGELENI |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621017 | 431218 | SITHOLE | NONTUNSULA |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621017 | 521207 | SITHOLE | ZILONDILE |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621017 | 370906 | SITOLE | DHLAYIBEKE |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621017 | 730308 | XULU | BUSISIWE SIKHAMUZA |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621017 | 680906 | XULU | FIKELAPHI |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621017 | 680724 | XULU | MAKHOSANA |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621017 | 570606 | XULU | MBHEKISENI MBONGELENI |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621017 | 750324 | XULU | MCHAZENI |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621017 | 800305 | XULU | MKHAWULENI SIBONGISENI |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621073 | 901201 | BUTHELEZI | PHILANI CYPRIAN |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621073 | 890408 | DUBE | KHETHUKUTHULA LANCELOTE |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621073 | 531103 | DUMAKUDE | NENGENI |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621073 | 930115 | KHULU | NTOKOZO |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621073 | 591122 | LUTHULI | BONGINKOSI |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621073 | 570712 | MADONSELA | THEMBENI EUNICE |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621073 | 780101 | MAGUBANE | NKONZO GIBSON |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621073 | 930109 | MALAKWANE | ERIC PAKISO KHEHLA |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621073 | 600210 | MANYONI | RITA GNEBISILE |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621073 | 860823 | MAVUNDLA | NOMBUSO WELILE |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621073 | 750524 | MAZIBUKO | BONGANI |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621073 | 820629 | MAZIBUKO | MZIWAKHE VICTOR |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621073 | 880313 | MAZIBUKO | PATRICK MALUSI |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621073 | 910728 | MAZIBUKO | S`BUSISO NKOSIKHONA |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621073 | 880203 | MAZIBUKO | SNENHLANHLA NONHLANHLA |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621073 | 860607 | MBATA | LUNGILE THEMBISILE |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621073 | 870808 | MDAKANE | NKOSAZANE MAVIS |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621073 | 780717 | MDLALOSE | SILINDILE ZANDILE PATRICIA |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621073 | 981008 | MDLALOSE | THOBILE |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621073 | 640815 | MDLETSHE | VIVIAN DINGISWAYO |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621073 | 950521 | MTHETHWA | MDUDUZI GIVEN |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621073 | 620411 | MTHETHWA | PHUMELELE FISANI |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621073 | 801101 | NDEBELE | MUKELISIWE ZILINDILE |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621073 | 620810 | NGCOBO | GOODNESS PHILDA |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621073 | 780130 | NGCOBO | NTOMBIFIKILE ORIENT |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621073 | 830624 | NGCOBO | PHUMZILE PATIENCE |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621073 | 511027 | NTOMBELA | KHONZOKWAKHE JULY |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621073 | 860618 | NTOMBELA | SINOTHANDO NONDUMISO |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621073 | 700910 | NTOMBELA | THAMSANQA NIMRODE |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621073 | 831226 | NTSHIZA | KAREL MARTHA |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621073 | 761222 | NYATHI | SITHEMBILE SAMUGELISIWE |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621073 | 731011 | QWABE | THEMBI ISABEL |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621073 | 731025 | SHABALALA | SIPHAMANDLA WISEMAN |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621073 | 891213 | SHANGE | FISOKUHLE LANGELIHLE KNOWLEDGE |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621073 | 681104 | SIBISI | MOSILE MIKEZIWE |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621073 | 431006 | SIBISI | NGOBI ELPHAS |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621073 | 900922 | SIBISI | PHAKAMILE BRIGHTNESS |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621073 | 831103 | SIBISI | PHELELANE |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621073 | 730202 | SIBISI | THOLIZWE NQOBIZITHA |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621073 | 891023 | SIBIYA | LONDIWE |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621073 | 620803 | SIBIYA | ZAKHONA |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621073 | 951103 | TSOTETSI | AYANDA YATANG |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621073 | 680101 | XULU | NOMUSA JUDITH |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621073 | 870116 | XULU | SILINDILE |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621073 | 501212 | ZULU | DUDUZILE NOMUSA |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621073 | 920923 | ZULU | THANDEKA LONDIWE |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621073 | 840202 | ZULU | VEZOKWAKHE |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621073 | 940301 | ZULU | ZANELE |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621073 | 660930 | ZWANE | THULELENI BUSISIWE |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621073 | 860102 | ZWANE | XOLILE |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621084 | 810126 | CEBEKHULU | CELUMUSA BUSANI |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621084 | 920716 | CELE | XOLANI MBEKEZELI |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621084 | 930630 | KHANYI | PHINDILE |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621084 | 920408 | LANGA | LINDANI |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621084 | 910511 | LANGA | SIZAKELE SUKOLUHLE |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621084 | 971126 | LANGA | ZANELE |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621084 | 831110 | MAGUDULELA | NOSIPHO SIDUDUZIWE |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621084 | 930309 | MAVUNDLA | LUNGISANI THOKOZANI |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621084 | 700819 | MBATHA | BHEKUMZI SIPHO |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621084 | 931103 | MBATHA | ZANELE |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621084 | 840917 | MDLALOSE | SABELO |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621084 | 910103 | MDLALOSE | SINDI FANELE |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621084 | 910106 | MSELEKU | SANDILE MDALUYAZI |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621084 | 940510 | MSELEKU | VUSUMUZI |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621084 | 800726 | NDLOVU | THULANI SAMUEL |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621084 | 930302 | NENE | HLANGANANI THOLINHLAHLA |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621084 | 510129 | NENE | MLINGANISWA ALBERT |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621084 | 931010 | NTOMBELA | THULISILE SANDELEPHI |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43621084 | 940829 | SIBISI | VELILE |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43624885 | 440206 | CEBEKULU | MANDLENKOSI |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43624885 | 740514 | DLAMINI | BONISIWE NOZIPHO |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43624885 | 561011 | KHANYILE | SHONGAZIPHI |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43624885 | 901129 | LANGA | LUNGILE HLOKO |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43624885 | 430804 | LANGA | NOMAQWETHE |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43624885 | 300323 | LANGA | PHIKELELE |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43624885 | 680615 | LANGA | SIZENI WITNESS |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43624885 | 760210 | LANGA | THEMBISILE SIKWANI |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43624885 | 950313 | LANGA | ZINHLE |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43624885 | 950921 | LINDA | PHILANI NJABULO |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43624885 | 670316 | MBATHA | CELUMUSA FANO |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43624885 | 221111 | MBATHA | DLOKWAKHE |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43624885 | 781128 | MBATHA | NKOSIKHONA PATRICK |
| KZN242 - Nqutu | 52402001 | 43624885 | 641030 | MBATHA | NOMASHANDU |

# KUBUNGAZWE ELABESIFAZANE NGENGOMA



*izintombi zengoma ziyishaya unyawo lubuya ngemumva kwekhanda ngenkathi zenza ezidume ngakho esteji.*

**Minyaka yonke ngenyanga yabantu besifazane umkhandlu waseNquthu oholwa uSodolobha ukhansela SM Kunene ngaphansi komnyango wakwa planning ngaphansi kophiko lwabezokugcebeleka (Tourism) ubamba umcimbi wokubungaza abantu besifazane ngokubenzela umncintiswano wengoma.**



*uMoghibo womme bedlalisela e steji*

Nakulonyaka kuphinde kwenzeka futhi lokho. Lomncimbi ububanjelwe e VA Makhoba Hall mhlazingu 24 August 2018. Inhloso yalomgumbo ukugqugquzela amasiko ahlukene akhona lapha endaweni yakithi okuwusiko lamaZulu kanye nolwe Sesotho kuphinde futhi nkugqugquzelwe amathalente ahlukahlukene kwitsha yakithi.

Lengoma ibihlukene izigaba ezine okuyingoma yomama, ingoma yezintombi, Moghobo wabomme kanye no Moghibo wabana. Kusigaba ngasinye bekuphumelela amaqembu amahlanu okusho ukuthi amaqembu angamashumi amabili ahambe nezizumbulu zemiklomelo.

Umkhandlu ububeke isizumbulu semali isiyonke esingu R 196 100.00 ukwenza lomcimbi ukuze ube impumelelo. Amaqembu aphume ngobuningi bawo ephuma ema wadini ahlukahlukene ezobamba iqhaza kulomncintiswano. Lomcimbi umkhandlu uqasha amajaji azimele ukuze kungazubakhona ukukhala kubantu ukuze yonke into ihambe ngendlela.

Lomcimbi ubusezingeni eliphezulu kakhulu zibulalana impela bewenza impilo yamajaji ibenzima ngoba bezigadulisana impela.

Amaqembu adle umhlanganiso ebethola imali engu R5 800.00 iqembu ngalinye lawo maqembu ilana alandelayo uMoghibo wabana I Mamelo , kuMoghibo womme kwaba u Phoko , kwathi Ingoma yezintombi kwaba ubuhle bamasiko kwase kuthi ingoma yomama (Isigekle) kwaba imboko.

Lomcimbi ube impumelelo enkulu ihholo beligcwele liphuphuma amaqembu kanye nezibukeli ebezizozibukele kudela umakhasana esteji lapho izintombi nomama bebebhikla ingoma kudume ihholo lonke.

Ukhansela u BI Zwane ubonge bonke ababe inxenye yalomcimbi wabuye wabafisela inhlanhla bonke abebeyinxenye ukuthi baphumelele. umqondisi wakwa planning okungu Mnu MB Jiyane ube esememezela abaphumelele babadla umhlanganiso.



*omama bengoma (Sgekle) beshaya ingoma esteji besikaze kuchazeke izibukeli.*

# PROVINCIAL **GOLDEN GAMES**



abesifazane baseMzinyathi be Relay bezomukela izindondo zabo emva kokudla umhlanganiso emva kokugijima.



Umama Mbatha wakhona lapha eNquthu odle umhlanganiso emgijimeni ka 400m lapho ujikeleza khona I ground kabili emukela indondo yakhe kwi Khansela lase Mlalazi Municipality kuma Golden Games abebanjelwe e Richards Bay mhlaka 11-13 September 2018



abadlali be relay base mzinyathi bekanye no Phuthang nekhansela lase King Cetshwayo bemukelisa izindondo zabo.



Uyishaye kanjena intambo uMama Mbatha ezihola phambili engalandelwa muntu emgijimweni ka 400m.



Abadlali besifunda sase Mzinyathi bekanye noSekela Sodolobha ukhansela NM Zungu eduze kwenkundla yokugijima e Richards Bay kuma



Umkhulu uThango waseNondweni owaziwayo ohlale ezidlela amahlanga emgijimweni ka 100m.

# BEKUKUHLE KUDELILE KOLOMHLANGA



**Beziphume ngobuningi zivunule ziconsa izintombi emkhosini womhlanga obubanjelwe kwaNongoma eNyokeni mhlazingu 06-09 September 2018.**

*bezijabule kanje Izintombi zaseMzinyathi Ziholwa ezaseNquthu Phambili seziphethe umhlanga zilandela lezo eziphelezela umntwana ukuyobeka umhlanga*

Lomgubho wenzeka minyaka yonke lapho izinkubhi zezintombi ezibuya kuzozonke izifunda kanye nezibuya kwamanye amazwe khona lapha e Africa zibamba umhlanga ziwuhambise esigodlweni sasenyokeni khona lapha kwaNongoma

Nemikhandlu engaphansi kwesifunda saseMzinyathi abasali ngaphandle njengoba minyaka yonke bekhipha amabhasi angaphezulu kwamashumi amane asuke elayishe izintombi ezisuke ziyoba inxenye yolomgubho.

Minyaka yonke umkhandlu waseMzinyathi kaye noMasipala abawakhele bahlanganela ndawonye benze uSiyaya emhlangeni lapho besuke belungiselela khona izintombi ukuthi ziye emhlangeni. Kulonyaka ububanjelwe e Mvoti ( Greytown).

Nomkhandlu wase Nquthu ubuyinxenye womgubho kasiyaya emhlangeni kanye nomgubho womhlanga uqobo. izintombi zaseNquthu beziphume ngobuningibazo zibalelwa ngaphezu kwamashumi ayisikhombisa ( 700+) bezihamba ngamabhasi .

Lemidlalo ibibanjelwe e Dundee ngaphansi koMkhandlu wase Ndumeni mhla zingu 06 October 2018.

Lemidlalo iqale ibanjwe ngokwama Local lapho bekhetha khona abadlali abazobamela ku District. iNquthu yayibambe awayo mhlaka 15-16 September 2018. Lemidlalo isuke inama khodi ahlukahlukene kusukela kwibhola lezinyawo, ibhola lomnqkiswano, ibhola lomphebezo, abagijimi kanye nokunye okuningi.

Lemidlalo ibe impumelelo enkulu lapho imikhandlu okuyiNquthu, Msinga, Mvoti kanye neNdumeni bebambe iqhaza behlunga abadlali abaseqophelweni eliphezulu abazobamela kuma Provincial Salga Games azoba mhlazingu 6-9 December uMgungundlovu District Municipality ( PMB).

Abadlali abangaphezu kwama shumi amabili abangaphansi komkhandlu waseNquthu abangabanye abakhethiwe ukuthi bayomela isifunda saseMzinyathi kule midlalo.

Ekhuluma nabebehambele lemidlalo u Sekela sodolobha



*omama baseNquthu ababheka izintombi zomhlanga bekanye namakhansela omkhandlu waseNquthu kanye noMqondisi wakwa Planning uMnu. MB Jiyane*



*izintombi zaseNquthu zikanye namakhansela aseNquthu angaphansi kwekomidi lakwa Planning behambele umhlanga*



wesifunda saseMzinyathi uKhansela NG Mdlalose ubonge bonke ababambe iqhaza "singuMzinyathi siyabonga kakakhulu kulabo ababe yinxenye yalemidlalo . sibonga kakhulu kuyioyonke imikhandlu ebambe iqhaza siphinde sibonge ngokuthi yenze izingane zethu zibe zinhle kanjena."kuqhuba usekela sodolobha waeMzinyathi.

Uqhube wathi "iyabonga kakhulu etsheni yakithi ukuthi izibanda kanye nemidlalo ngoba lokhu kwenza ukuthi iqoqeke ngoba isikhathi esiningi isichitha emidlalweni lokho okwenza ukuthi ivikeleke ezintweni ezimbi ezinjengophuzo oludakayo kanye nezidakamizwa."

*izintombi zaseMzinyathi ziholwa ezaseNquthu zizilungiselela ukuyothatha umhlanga*

# UMZINYATHI UBUNGAZE ABABAMBE
# IQHAZA KWEZEMIDLALO



*Kusukela kwesunxele ngu Zanele Mthembu, Gugu Khoza, uKhansela BI Zwane , uKhansela PP Ntombela ,uMndeni Dube kanye no Nokuphila Zulu emcimbini wokukomelisa ngezindondo eMzinyathi.*

**Okokuqala nqa emlandweni umkhandlu waseMzinyathi ubambe umcimbi wama Mayors Excellent Awards obubanjelwe e Moth Hall e Dundee mhla zingu 14 September 2018.**



*uMndeni Dube ongu Sports Coordinator eMkhandlwini waseNquthu ohlabane ngendebe Best Sports Coordinator ngaphansi kweSifunda soMzinyathi lapha uyimukela ku Sekela Sodolobha waseMzinyathi uKhansela NG Mdlalose*

Lomcimbi ubuhanjelwe omasipala abangaphansi kwesifunda saseMzinyathi okuyi Nquthu, uMsinga, Indumeni kanye noMvoti. iNquthu nayo ayisalanga ngaphandle ibe ngenye yemikhandlu ezihlomulele ngezindondo.

uKhansela PP Ntombela ongusihlalo wakwa Corporate and Community Services uzihlabanele ngendondo yokuba ye Best supporting Councillor attended Sports Programmes kwathi uMndeni Dube okunguyena ongamele ezemidlalo kumasipala waseNquthu naye wazihlabanela ngendodo ye Best Sport Coordinator.

Akugcinanga lapho ohlelweni lwama Special Programmes uMnu Thango yena uzihlabanele ngendondo yokuba umkhulu (umuntu omdala) ovele kwezokugijima kwathi uSteven Ngobese yena wazihlobulela indebe yokuba umuntu ovelele ku ma Wheelchair racing.

Umkhandlu waseNquthu uyaziqhenya ngabobonke abathole izindondo babeka umkhandlu waseNquthu ezincwadini ezinhle zaseMzinyathi. Futhi umkhandlu uhlale uzimisele ukubeka ezemidlalo phambili ngoba ezemidlalo izona ezigcina itsha iqoqekile ingangeni ezintweni ezimbi ezinjenge zidakamizwa.

Minyaka yonke umkhandlu kunesamba semali osibekayo usibekela ezemidlalo ezahlukahlukene kusukela kweyetsha , eyabadala kanye neyabakhubazekile .

# KUHLUNGELWE AMA PROVINCIAL SALGA GAMES



*abadlali baseNquthu be Netball abebeyinxenye yama District Salga Selections Games*

**Umkhandlu waseNquthu njengenjwayelo ubambe iqhaza emidlalweni yesiFunda yokuhlungela ama Provincial Salga Games abanjwa minyaka yonke.**

Lemidlalo ibibanjelwe e Dundee ngaphansi koMkhandlu wase Ndumeni mhla zingu 06 October 2018.

Lemidlalo iqale ibanjwe ngokwama Local lapho bekhetha khona abadlali abazobamela ku District. iNquthu yayibambe awayo mhlaka 15-16 September 2018. Lemidlalo isuke inama khodi ahlukahlukene kusukela kwibhola lezinyawo, ibhola lomnqkiswano, ibhola lomphebezo, abagijimi kanye nokunye okuningi.

Lemidlalo ibe impumelelo enkulu lapho imikhandlu okuyiNquthu, Msinga, Mvoti kanye neNdumeni bebambe iqhaza behlunga abadlali abaseqophelweni eliphezulu abazobamela kuma Provincial Salga Games azoba mhlazingu 6-9 December uMgungundlovu District Municipality ( PMB).

Abadlali abangaphezu kwama shumi amabili abangaphansi komkhandlu waseNquthu abangabanye abakhethiwe ukuthi bayomela isifunda saseMzinyathi kule midlalo.

Ekhuluma nabebehambele lemidlalo u Sekela sodolobha wesifunda saseMzinyathi uKhansela NG Mdlalose ubonge bonke ababambe iqhaza "singuMzinyathi siyabonga kakakhulu kulabo ababe yinxenye yalemidlalo . sibonga kakhulu kuyioyonke imikhandlu ebambe iqhaza siphinde sibonge ngokuthi yenze izingane zethu zibe zinhle kanjena."kuqhuba usekela sodolobha waeMzinyathi.

Uqhube wathi "iyabonga kakhulu etsheni yakithi ukuthi izibanda kanye nemidlalo ngoba lokhu kwenza ukuthi iqoqeke ngoba isikhathi esiningi isichitha emidlalweni lokho okwenza ukuthi ivikeleke ezintweni ezimbi ezinjengophuzo oludakayo kanye nezidakamizwa."

Uphethe ngokuthi "siyabonga kakhulu kulabo aabakhethiwe namuhla nalabo abangakhethwanga bangadikibali kusasa kuyoba ibona futhi nonge nidlala kahle ukuthi phela ngoba kunenani nje elithile okumele lithathwe.  Siyanithemba ke ukuthi niyosimela kahle naphambili.

# DUNDEE **JULY**



*uSisi omncane kunabobonke o joke oneminyaka engu 9 ogibela ihhashi wase Dundee naye ozihlabanele ngomklomelo ku Dundee July ebibanjelwe e Dundee mhlazingu 21 July 2018.*




*Nenqephu ibidla lubi ku Dundee July*



*Ubaba uDlame wakwa Vulamehlo othwele ikepisi elibrown ekanye nehhashi lakhe noJoke wakhe, abaxhasi be Race lapha ezimukelela umklomelo wehhashi lakhe emva kokuba lidle umhlanganiso ku Race 5 kwabesifazane wakhala wemuka nemali engu R 21 000.*



*Bezizicuphe kanjena izinsizwa ku Dundee July.*



*Nobuhlalu nabo bebukhona*

## PAIA'S INFORMATION OFFICERS

Mr BP Gumbi– Municipal Manager
034 271 6112
bongig@nquthu.gov.za

Mr TC Nyandeni
Manager: Office of the Municipal Manager
034 271 6153
thokozanin@nquthu.gov.za

Mr WS Mpanza
Chief Financial Officer
034 271 6121
sakhilem@nquthu.gov.za

Mr MB Jiyane
Director: Planning
034 271 6136
mpumej@nquthu.gov.za

Mr OS Mnguni
Director: Corporate Services
034 271 6128
mngunis@nquthu.gov.za

Mr L Hlongwane
Director Technical Services,
034 271 6162
directortech@nquthu.gov.za